# Usuku lokuqala luka Sipho esikoleni

IsiZulu

Maxwell N Mamathuba



# Usuku lokuqala luka Sipho esikoleni

Ibhalwe ngu Maxwell N Mamathuba
Kufanekiselwa ngu Ntibile Zonke



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi


36

USipho uzobe eqala ukuya esikoleni ngoMsombuluko.

Uzobe eya eZiphozonke Primary, lapho umfowabo omdala, uSihle efunda khona.

NgeSonto, walala sekwephuzile ngoba wayejabule kakhulu.

Wafaka amapensela akhe namakhrayoni esikhwameni sake, yize umfowabo wayethe ngeke awadinge.

Ukulindela kwakhe kosuku kwakukukhulu impela.



USipho uvuke ekuseni kakhulu ngoMsombuluko. Wayengaphambi kwezinye izinsuku.

Ngemuva kokugeza, wagqoka umfaniswano wesikole, wadla isidlo sasekuseni ngokushesha.

Umama wakhe ubethembise ukubashayela ngemoto baye esikoleni kwazise, bekuwusuku lwakhe lokuqala.

Ngemuva kwalokho wayezohamba njalo nomfowabo ngemoto ehambisa abafundi esikoleni.

USipho wezwa ukuthi uSihle ubabambezela ukuqala uhambo lwabo lokuya esikoleni.

Ngakho-ke, wamemeza wathi, “Woza Sihle, asihambe! Kungenjalo sizofika sekwedlule isikhathi.”



Bangena emotweni kanina boqonda esikoleni. Endleleni, uSipho wayekhuluma ngokuthi uzozijabulisa kanjani esikoleni.

USihle umkhumbuze ukuthi isikole sihlukile kunenkulisa.

Kunemithetho okumele ilandelwe esikoleni, kuthi labo abayephulayo bajeze.

Lokhu kucishe kwehlisa injabulo kaSipho, kodwa umama wakhe wathi, “Ungakhathazeki Sipho, uzokwenza abangane abasha.”



Ngemuva kokushayela isikhashana, bafika esangweni lesikole iZiphozonke Primary.

"Sihle, isikole sakho asikude kakhulu nasekhaya!" Kuphawula uSipho.

Ubone izingane eziningi, ezinye ziphelezwela ngabomama kanti, ezinye zihanjiswe ngoyise.

Bekunezimoto eziningi, amatekisi kanye nebhasi ebelilethe izingane esikoleni.

Abafundi abadala bebehamba bengamaqembu, bekhuluma ngokujabula.


CERTIFICATE
Name Surname

USihle wakhombisa umama wakhe ihhovisi likathishanhloko, waya khona noSipho eceleni kwakhe.

Lapho bengena ehhovisi, bathola intokazi ende ihleli esihlalweni esijikelezayo.

Unina ka Sipho udlulise impendulo yesicelo sokwamukelwa abasitholile.

Ngemuva kokufunda incwadi, uthishanhloko wacela uSipho ukuba asondele, ukuze akwazi ukumbuza okuthile.

Lokhu kwenze ukuthi uSipho azizwe eshaywa luvalo njengoba ebheke kuthishanhloko.

Ube esembuza imibuzo elula; njenge gama lakhe, amagama abazali bakhe, nokuthi; uhlala kuphi.


ZIPHOZONKE
PRIMARY
SCHOOL
PTION

Bathi bephuma ehhovisi likathishanhloko, bathola uSihle esalindile ngaphandle.

Uqondise unina ehhovisi likamabhalane, lapho ezokhokha khona imali yesikole.

Lapho umama wabo ehamba, uSipho wafuna ukuhamba naye; waqala ukukhala.

USihle wamduduza, wamkhombisa ikilasi lakhe. Wambonisa nekilasi lapho ayefunda khona uqobo.


ZIPHOZONKE
PRIMARY
SCHOOL

USipho wathola abafana ababili ababefunda enkulisa eyodwa naye ngonyaka owedlule.

Wabajoyina futhi baqala ukusithanda isikole: ukuthi sasibukeka kahle kangakanani futhi sisihle.

Bazwakalise ukwaneliseka kwabo ngokuba yingxeye yalesi sikole esihle kangaka.

Besaxoxa bejabule, kuqhamuke abafana ababili abadala kubo. Babuza ukuthi ngubani amagama abo nokuthi bahlala kuphi, uSipho nabangani bakhe baphendula kahle.

Labafana abakhulu babe sebeqala ukubagcona bethi “Le akuyona inkulisa, ngakho-ke, ningajabuli ngokweqile.”



Ngenhlanhla, yakhala insimbi; wonke umuntu waphuthuma ukuyohlangana.

Umhlangano wenziwa kuvulandi yesikole phambi kwehhovisi likathishanhloko.

Othisha bakhombisa abafundi ukuthi kumele benze ulayini kuphi nokuthi kanjani.

Baqale bacula amaculo amabili; kwafundwa umbhalo bese kwathandazwa.

Uthishanhloko wabemukela bonke abafundi, ngemuva kwalokho wenza izimemezelo.



“Isikole sethu siqala ligamenxe ihora lesikhombisa nsuku zonke, futhi akekho umuntu okufanele afike sekwedlule isikhathi.

Ungalahli izingcezu zamaphepha phansi, uwafake emigqonyeni yothuli, ukugcina igceke lethu lihlanzekile.

Hamba ezindlelni ezilungiselelwe; futhi, ugweme ukunyathela izimbali notshani.

Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi utshani nezimbali zethu zihlala zizinhle.

Ngesikhathi sekhefu, kufanele udlale ebaleni lokudlala elingaphesheya.”


Aa
Bb
Cc
Dd
Ee
Ff
Gg
DAYS OF THE WEEK
Sunday
Monday
Tuesday
Wednesday
Thursday
Friday
Saturday
MONTHS OF THE YEAR
January
February
March
April
May
June
July
August
September
October
November
December

Ngemuva kokuhlangana, abafundi bahamba baya emaklasini abo ahlukene. Bahamba ngolayini, belandelana, bengagijimi.

Ngenkathi uSipho engena ekilasini lakhe, akazange athole muntu amaziyo.

Uthathe indawo wahlala emgqeni wesibili ukusuka ngaphambili, waqala ukukhala.

Kuqhamuke umfana omude, wahlala eduze kukaSipho, wamduduza.


CALENDAR

Uthisha wekilasi wangena ekilasini nohlu lwabo bonke abafundi.

Wathi uthisha, “Yeka ukukhala ngane yami, amakilasi azophela kungekudala, akunjalo?”

Anqekuzise ikhanda uSipho evuma, wayeka ukukhala.

Ngemuva kokubiza wonke amagama, wababeka ngamaqembu.

Uthisha wayeyintokazi eqinile kodwa enomusa. Ubengakuthandi ukukhuza umfundi amahlandla ambalwa odabeni olufanayo



Uthisha utshele abafundi ukuthi bazokujabulela ukufunda.

Akabathandi abafundi abafuna ukudlala ngesikhathi sezifundo.

Uzobafundisa ukufunda nokubhala; futhi bonke bazophumelela.

Uzobuye abafundise izinombolo ukuze bakwazi ukubala inani lezinto.

"Kungakabiphi, nonke nizokwazi ukubala kusuka kowodwa kuye kumashumi amabili, akukuhle lokho?"

Abafundi baphendula bathi: "Yebo, kuhle!"



Kukhale insimbi, uthisha wathi sekuyisikhathi sokhuthi baphume bayodla baphumule.

Bonke abafundi baphumela ngaphandle futhi, ngemuva kokudla, badlala.

USipho waphinde wathola abangane bakhe abadala.

Wabayisa ku Themba, umfana ohlala eduze kwakhe ekilasini lakhe.

Wathola kanjalo-ke umngane omusha, futhi laba bobane, njalo babedlala ndawonye ngemuva kwalokho.



Yakhala futhi insimbi, bagijimela emakilasini abo. Uthisha ubanikeze izincwadi zezithombe zezinto ezihlukile.

Wabe esebanika amaphepha namakhrayoni futhi wabacela ukuthi badwebe, futhi bafake imibala yezithombe zalokho abakufunayo.

Ngemuva kwalokho, uthathe lezi zithombe wazinamathisela odongeni.



Lapho kukhala insimbi futhi, uthisha wamemezela ukuthi izifundo seziqediwe, futhi uzohlangana nabo kusasa.

USipho wagijimela ekilasini likaSihle wafika wema emnyango. "Sihle, izifundo seziqedile, asigoduke!" amemeze.

Kudume ikilasi lonke, kodwa uthisha watshela uSihle ukuthi amnakelele.

Lapho befika ekhaya, watshela abazali bakhe ngenjabulo ngomngani wakhe omusha nokuthi, ngeke alukhohlwe lolu suku.

Ngenkathi uSihle ezama ukulandisa ukuthi ulibize kanjani igama lakhe, wayezama njalo uSipho ukumvimba.

# UKUBONGA

**Ibhalwe ngu**
Maxwell N Mamathuba

**Kufanekiselwa ngu**
Ntibile Zonke

**Mhleli 1**
Pandelani Claudine Rambau

**Mhleli 2**
Mukondeleli Constance Ṋembahe

**Mhleli 3**
Ndivhuwo Mulaudzi

**Umklami**
PixelPing Design

**Umhumushi**
Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**
Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00739-8

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

NATIONAL READING COALITION
LET'S GET SOUTH AFRICA READING

NATIONAL EDUCATION COLLABORATION TRUST